

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2018

AMAMAKI : 70

ISIKHATHI : Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- | | |
|-------------|-------------------|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

- 1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**BAYOBONGWA NINI?**

- | | | |
|---|--|----------|
| 1 | <p>Abasebenzi abaningi basezindlini, abasemapulazini, abathutha udoti neminye imisebenzi efuze leyo kuvamile ukuba babukelwe phansi, kungagcini lapho nesithunzi sabo sidicilelwe phansi. Akulungile ukucwasa abantu abathile abenza imisebenzi edelelekile ngoba wena uphila kangcono noma wenza umsebenzi ongcono kunowabo. Sewuyanda lo mkhuba, kepha akekho owunqandayo ukuze uphele emphakathini. Babongwa nini laba bantu abenza imisebenzi abanye abayibukela phansi? Wonke umuntu unesithunzi adalwa naso.</p> | 5 |
| 2 | <p>Emazweni amaningi lolu hlobo lwabasebenzi luvikelwe uMthethosisekelo wezwe. Ngaphambi kokuba kuphasiswe imithetho ebavikelayo laba basebenzi babengaholelwa kahle. Babemukeliswa ukudla, banikezwe indawo yokuhlala engekho ezingeni, bemukeliswe izingubo zokugqoka kanye nezokulala. Okubuhlungu nakuso lesi sikhathi senkululeko laba abayizisulu zokuhlukumezeka abawazi amalungelo abo. Ukuntuleka kwamathuba emisebenzi nezinga eliphansi lemfundo yikhona okunomthelela omkhulu ekwandeni kwabasebenzi abaxhashazwayo.</p> | 10
15 |
| 3 | <p>Abasebenzi basezindlini abahlala nabaqashi babo bakubona bakubeletha ngoba abanasikhathi sokungena nesikhathi sokuphuma. Labo abahlala nemindeni yabo bavuka kusempondozankomo, bavike izigebengu, bashiye imizi yabo bengabonanga nokuthi izingane zabo zilale kanjani. Bajaha lezi zabaqashi ezidinga ukulungiselelwa konke ezikudingayo. Umsebenzi usuke usubabiza ingekho indlela yokudembesela. Ubabona ngisho besebenza ukuthi bayawujabulela umsebenzi wabo. Igceke lomuzi womqashi lidonsa amehlo ngenxa yakhe lo msebenzi osebenza ngisho likhipha umkhovu etsheni. Kukho konke lokho kuzimisela izithukuthuku zabo ziphelela ezeni bengabongwa muntu.</p> | 20
25 |
| 4 | <p>Kunabaqashi abanolunya bebe bevike ngenqubomgomo yomthetho wezabasebenzi. Bavukainja ebomvu uma kwenzekile umsebenzi efika isikhathi sesishayile. Abanqeni ukuhlephula umholo womsebenzi ekupheleni kwenyanga. Yingakho abasebenzi isikhathi sokungena emsebenzini bengasigeji ngisho begula, batotobela khona ngenxa yokwesaba ukubanjelwa umholo. Imali abayiholayo ifundisa izingane zabo zize zifike emanyuvesi ngoba bekuqonda ukuthi imfundo iyona eyophucula amakhaya abo. Iningi lezingane zabasebenzi basezindlini yizo eziphumelela zedlule lezi zomacaphunakusale.</p> | 30
35 |
| 5 | <p>Ukubekhezela kwabasebenzi akunamkhawulo ngisho izingane zabaqashi seziqhuba intwala ngewisa. Ubusaphasapha zingcolisa kube sengathi akuqoqwanga endlini. Bathi noma bephekile kube khona ezikhononda ngokuthi zona aziyidli leyo nto. Kwesinye isikhathi asukelwe nje umuntu</p> | |

	omdala kuthiwe webe ukudla noma imali. Kuyenzeka bahlukunyezwe nangokocansi ngabaqashi babo kodwa bafele ngaphakathi okwebutho likaZulu, bengeke batshele muntu ngoba bevikela imisebenzi yabo.	40
6	Kubi ukubona umuntu omdala ebizwa ngegama ngenxa yokuthi uncenge umsebenzi. Lesi sihlava sesehlele ngisho nendlu emnyama. Izingane sezibabiza ngamagama abasebenzi basezindlini ngenxa yokuthi zizwa abantu abadala. Kunomunye umkhuba osuwandile wokubiza laba basebenzi basezindlini ngo-anti noma ngabe bancane kangakanani ngokweminyaka. Kunganjani ukuba babizwe ngokweminyaka yabo njengophawu lokukhombisa inhlonipho? Kuyenzeka ezinye izingane zibe nomkhuba wokungafuni ukukhuzwa umsebenzi ngoba zizwa abazali bekhuluma noma ikanjani ngaye. Zibuye zimcokofule zithi uqeda ukudla, athule, ajabhe engavikelwa muntu.	45 50
7	Kwamanye amakhaya baphathwa kahle laba basebenzi. Bagcina sebethathwa njengamalungu omndeni. Kuyajabulisa ukubona izingane ziyothi tshobe endlini yalowo osebenza ehlala nazo, zihlale zize zidle ngisho lokho kudla akuphekile. Abazali bazozibheka izingane kanti zihleli naye uhleko luqhuma phezulu ezixoxela izindatshana nangalokho ayekwenza esakhula. Lokhu kwenza ukuthi zimkhumbule uma enikwe inhlabakhefu. Zimshayela ucingo zibuza ukuthi uzobuya nini, zibuye zicebane kuyena noma zimxoxele konke okwenzekayo ekhaya njengoba eseholidini.	55
8	Ngezinsuku ezithile amaloli okuthutha udoti asuke ephansi phezulu eqoqa udoti. Umsebenzi onzima lo. Abantu abaningi abakhombisi ukubahlonipha laba bantu, kunalokho babehlisa isithunzi. Abanye bangcolisa ngamabomu phambi kwabo laba basebenzi. "Qubula zasha!" Lezi ziqubulo uye uzizwe uma kwakhiwa imigwaqo namabhilidi. Lezi zinsizwa zisuke zishabasheka ngoba imfolomane ayivezi zinyo. Kukhala ipiki nefosholo kuphela. Kuyaye kube kubi ukubona umuntu edlula ngesivinini lapho kwakhiwa khona umgwaqo aze acishe alimaze noma akhiphe umphefumulo walabo abasebenzayo. Akanaki ngisho kunezimpawu zomgwaqo ezimxwayisayo ukuthi kunabasebenzi ngaphambili. Laba bantu bayaqhubeka ngesineke kungathi akonakele lutho.	60 65 70
9	Abasebenzi abahlukunyezwayo kufanele babike ngokusemthethweni eMnyangweni wezabaSebenzi ukuze amalungelo abo avikeleke. Labo baqashi abangawabhekeleli amalungelo abasebenzi babo bangayikhotha imbenge yomile uma bebanjwa. <u>Ungaba umqashi noma umsebenzi kepha sonke singabantu.</u> Asibabonge laba bantu.	75
[Icashunwe ku-inthanethi, yabuye yahunyushwa yahlelwa kabusha]		

1.1.1 Yimuphi lo mkhuba osuvamile akhuluma ngawo umbhali kulesi siqephu? Bhakisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)

1.1.2 Shono izizathu EZIMBILI eziwumthelela wokwanda kwabasebenzi abaxhashazwayo ngokwalesi siqephu? (2)

- 1.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMANE ubunzima abasebenzi basezindlini ababhekana nabo. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3 nsesi-4. (4)
- 1.1.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:
Bangayikhotha imbenge yomile kusho ...
- A ukwakha imbenge.
B ukuxazulula inkinga.
C ukuba senkingeni.
D ukuba nosizi. (1)
- 1.1.5 Iyini inhloso yombhali ngokubhala ngalolu hlobo lwabasebenzi ababukelwa phansi? (3)
- 1.1.6 Chaza isizathu esenza ukuba izingane zalaba basebenzi ziphumelele zidlule lezo zomacaphunakusale. (2)
- 1.1.7 Ucabanga ukuthi kungaba yini umthelela empilweni yezingane ezingabahloniphi abantu abasizayo emakhaya azo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.8 Ngokwakho ukubona yikuphi okufanele kwenziwe ukuze kulekelelwe abasebenzi mayelana nendlela okufanele baphathwe ngayo ngabaqashi babo? (2)
- 1.1.9 Ake uncome umbhali ngokuveza amazwi adwetshelwe esiphethweni sale ndaba. (2)

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zicashunwe ku-inthanethi]

- 1.2.1 Shono izinhlobo zemisebenzi ezivezwe isithombe soku-1 kanye nesesi-2. (2)
- 1.2.2 Nikeza okufanayo okuqukethwe isithombe sesi-2 kanye nesithombe sesi-3. (2)
- 1.2.3 Qhathanisa ubungozi obungatholwa abasebenzi abasesithombeni soku-1 nesesi-4 ezikuMBHALO B ubuyamanise nokufunde EMBHALWENI A isigaba sesi-3 nesesi-8. (4)
- 1.2.4 Phawula ngokubaluleka kohlobo lomsebenzi owenziwa abantu abakhonjiswe esithombeni sesi-2. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nokubaluleka kokufunda izincwadi.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokubaluleka kokufunda izincwadi usebenzise amagama akho angedluli kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**UKUBALULEKA KOKUFUNDA IZINCWADI**

Kuyaye kuthiwe uma ufisa ukufihlela umuntu ulwazi lushicilele encwadini. Ukufunda izincwadi kubalulekile ngoba kuholela empumelelweni enhle esikoleni, ekhaya, emsebenzini nasempilweni. Le mpumelelo izuzwa kakhulu abafundela ukuthola ulwazi, kunalabo abafundela ukuzithokozisa nokuchitha isizungu. Kusobala ukuthi abantu abehlukene bangaba nezinhloso ezingafani ezenza bafune ukufunda izincwadi. Phinde sesadlula leso sikhathi ngoba abantu abaningi sebeyazi ukuthi ulwazi oluningi lutholakala ezincwadini.

Ucwaningo lukhombisa ukuthi uma abantu bengazange bakwazi ukufundela ukuqondisisa ngolimi lwebale besesemabangeni aphansi esikoleni kuba nzima ukuthi babe ngabafundi nabantu abanolwazi. Ukufunda izincwadi kusiza ukuthuthukisa ulimi lwakho ukuze ukwazi ukuqonda kangcono nezinye izilimi. Ukubuka izithombe ezizochukuluza umqondo wakho ikakhulukazi ezinganeni ezisakhula nakho kuyingxenye yokufunda nokwandisa ulwazimagama.

Ziningi izindlela zokufunda izincwadi. Ungafunda bothule nangokuphimisa. Ngeke umuntu akwazi ukufunda bothule engazange aqale akwazi ukufunda ngokuphimisa. Emtatsheni yolwazi ukufunda bothule kusiza abafundi ukuthi baqonde kangcono umhlaba obazungezile. Ukufunda kanyekanye ngokuphimisa ikakhulukazi kubafundi abasebancane kuba enye indlela yokuthuthukisa ikhono lokufunda.

Ukukhetha izincwadi ezisezingeni lolwazi nekhono lomfundi kubalulekile ngoba angadikibala uma zingezona ezisezingeni lakhe. Abafundi abasebancane kakhulu bona bangakuthokozela ukufunda imibhalo ebhalwe ngamagama amakhulu kanye nemibala emihle yezithombe. Okunye okubalulekile ngokufunda ukuthi kunikeza amasu okufunda alandelwa ngabafundi abanezinselelo ekufundeni ukuze babe seqophelweni eliphezulu. Bangabheka izithombe uma zikhona ezihambelana naleyo ndaba bese bexoxa ngazo ngaphambi kokuba bafunde.

Kuyenzeka uthole incwadi ekhuluma ngempilo yomuntu nezinsalelo abhekana nazo empilweni ngaphambi kokuba aphumelele. Ukufunda kungenza ukuba uthole izinto, ulwazi kanye nezindlela ezintsha zokuxazulula izinkinga zabanye abantu.

Kungabalwa amaphutha awenzile nezindlela awalungisa ngazo. Kungaba izindlela ozisebenzisile ukwakha impilo noma umnotho wakho. Kwesinye isikhathi lolo lwazi lungakusiza ukuba ungaphindi wenze amaphutha afanayo nasekuhloleni ingomuso elingcono.

Izincwadi zinika ulwazi olubhalwe phansi ngokwenza amalungiselelo emicimbi eyahlukene, indlela yokupheka, ukukhulisa abantwana, ukuphatha abantu nokunye. Ngaphandle kokuzithukisa ukufunda kukwenza ukwazi ukuqonda uhlele ngaphambi kokuthatha izinqumo eziphusile ngalokho ofuna ukukwenza. Bheka ngoba uma uyothenga imishini ethile, izimoto, ngisho nomakhalekhukhwini uthola incwajana eneminingwane ekutshelayo ukuthi kufanele uyisebenzise kanjani. Abantu abangamakholwa ezinkolo ezahlukene ubathola befunda iBhayibheli, neKhorani nezinye izincwadi ezibanikeza indlela nemigomo yokuphila.


Kulezi zinsuku zokufunda sekunamaqoqo okufunda ngokuhlanganyela, kufundwa ngamaqembu, lapho kubuyekwezwa izincwadi bese kwabelwana ngolwazi olutholakele. Ngokujwayela ukufunda izincwadi kukunika ulwazi oluphusile, abanye bagcina sebengababhali, abahleli; abahumushi nabashicileli bezincwadi, amaphephandaba namaphephabhuku. Lokhu kukhombisa ukuthi amathuba omsebenzi ayadaleka ngokufunda izincwadi.

[Sicashunwe ku*Bona* sabuye sadidiyelwa nolwazi oluku-inthanethi]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)


**YIBA WALLETWISE
NGOKONGA KWAKHO**
Uma usuwazi ukuthi usebenzisa imali engakanani ngosuku, uzokwazi ukonga imali kangcono. Uma ufuna ukuzinikela ekongeni, kudingeka ube nohlelo.

1 **2** **3**

YIBA NENHLOSO YENZA IBHAJETHI ZIBAMBE

ZIBEKE ETHUBENI LOKUWINA
Ngabe ucabanga ukuthi usuWalletWise kakhulu emuva kokufunda lokhu?
Hlola ulwazi lwakho lokonga uzibeke ethubeni lokuwina imali, u-R500 noma uthunyelelwe ibhuku uBONA izinyanga eziyi-12.
Shaya *120* 778887# ukuze uzibeke ethubeni lokuwina. Izingcingo zibiza 20c ngemizuzwana engama-20

 **Standard Bank**
SIYA PHAMBILI !

[Icashunwe yabuye yahunyushwa kuBona, September 2017]

- 3.1 Kungabe kukhangiswani kulesi sikhangisi? (1)
- 3.2 Phinda ubhale okudwetshelwe okusesikhangisini ususebenzise indlela yokubhala efanele ukuze umusho ufundeke kahle. (1)
- 3.3 Chaza kafushane ngokusetshenziswa kophawu lwe-Standard Bank kulesi sikhangisi. (2)

3.4 Khetha impendulo engashayi emhlolweni kulezi ezilandelayo.

Uma ufuna ukuzinikela ekongeni, kudingenga ube nohlelo ...

- A yiba nenhloso.
- B zibeke ethubeni lokuwina.
- C yenza ibhajethi.
- D zibambe.

(1)

3.5 Chaza ubudlelwano bokusetshenziswa kwesithombe sengulube kanye nohlelo lokonga imali olukhangiswayo ukuthi kulekelela kanjani ukuthatha isinqumo esiphusile.

(3)

3.6 Hlaziya ngokuhlolisisa ukusetshenziswa kwesiqubulo sase-Standard Bank kulesi sikhangisi.

(2)
[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Icashunwe yabuye yahunyushwa ku-inthanethi]

4.1 Yikuphi OKUBILI okukhombisa ukuthi laba balingiswa abakule khathuni bayaxoxa?

(2)

4.2 Chaza kafushane uteku olwethulwa umdwebi wale khathuni ubhekise kumlingiswa wesilisa.

(2)

4.3 Humusha izimpawu EZIMBILI ezikhombisa ukuthi lo mlingiswa wesilisa okule khathuni umangele.

(2)

- 4.4 Ucabanga ukuthi amazwi alo wesifazane okule khathuni asethulela ubudlelwano obunjani phakathi kwakhe kanye nalo wesilisa? (2)
- 4.5 Kungani umdwebi wale khathuni edwebe abalingiswa bakhe baba bakhulu ngokomzimba? (2)
- [10]**

UMBULO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**UBUNTU**

Isizwe samaZulu saziwa kakhulu ngobuntu. Lo mkhuba wawukhona kusuka emandulo. Bekuthi uma kukhona umuzi okubonakala ukuthi **kuyalanjwa** kuwo, bese abamnuzane abafuyile bakhuphe izimbuzi, izinkomo kanye nezinkukhu imbala bawusisele. Lokhu kwakwenzelwa ukuba izingane zingalali zingakutholanga okuya ngasethunjini. 5

Kwesinye isikhathi bekuthi kungazelele muntu kuzwakale ngomuntu esekhuleka esangweni esethi, 'Sikhulekile ekhaya! Isisu somhambi asingakanani, singangenso yenyoni.' Ngokungasigaguli isibongo somuzi noma izithakazelo ngesikhathi sikhuleka isihambi kwakucaca bha ukuthi kwasibongo salowo muzi akasazi. Inhloko yekhaya isiyoyalela ukuba angeniswe ukuze aphuziswe amanzi. Uma kugayiwe 10 sebeyomlethela nokhamba. Athole nenyama ashaye esentwala. Useyobuzwa ukuthi ulibhekisa kuphi. Uma kubonakala ukuthi sekuthanda nokuhlwa. Uyonikezwa indawo yokulala. Ukusa-ke sekokwaziwa nguye.

Abantu **babembuza** umuntu imvelaphi yakhe ngaphambi kokuba bamngenise. Ungamngenisa yini umuntu ongamazi emzini wakho esikhathini samanje? Wo! Hhe! 15 'Ungalutheza olunenkume.' Ungathi uyasiza kanti ufaka inswelaboya uqobo lwayo endlini. Akuphendukele esiswini umuntu wansondo.

Impela isikhathi sesashintsha. Baqinisile abadala uma bethi kungcono ukuthemba itshe kunokuthemba umuntu. Bushabalele ubuntu ngenxa yesikhathi esiphila kuso.

[Owokuzisungulela]

- 5.1 Yisiphi isakhi esiqukethe umqondo wobumnini esitholakala emshweni woku-1? (1)
- 5.2 Bhala umusho ozakhele wona usebenzise igama elinomqondo ofanayo naleli elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-2. (1)
- 5.3 Nikeza ibizoqoqa elisetshenziswa esikhundleni samagama adwetshelwe emgqeni wesi-3. (1)

- 5.4 Nikeza incazelo yesimo sokukhuluma esidwetshelwe esitholakala emgqeni wesi-7 kuya kowesi-8. (1)
- 5.5 Sebenzisa igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wesi-9 emshweni ozakhele wona seliqukethe umqondo owehlukile kunalo otholakala esiqeshini. (2)
- 5.6 Guqula umqondo oqukethwe yileli gama elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-14 likhombe umqondo wokugcizelela. Phinda ulisebenzise leli gama elisha emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.7 Nikeza igama eleqiwe emgqeni we-16 uma kwakhiwa isimo sokukhuluma. Sisebenzise lesi simo sokukhuluma emshweni ozakhele wona ukuze kukhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yaso. (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70